ISICHIBIYELO ESIHLONGOZWAYO OHLELWENI LWEZINDAWO EZIVULEKILE ZOMKHANDLUDOLOBHA WETHEKU (D'MOSS)

Lapha kukhishwa iSaziso Somphakathi ngokwesigaba 26(5) soMthetho Wokuhlelwa Kwentuthuko Ngokwezindawo Nokulawula Ukusetshenziswa Komhlaba, 2013 (uMthetho No. 16 ka 2013) sifundwa noSheduli 1 woMthetho Wokuhlela Nentuthuko waKwaZulu-Natal, 2008 (uMthetho No. 6 ka 2008), sokuchitshiyelwa kweBalazwe loHlelo Lwezindawo Ezivulekile zoMkhandludolobha weTheku (D'MOSS) olwemukelwa ngo 2016 oluyingxenye yazo zonke iziNhlelo Zokusetshenziswa Komhlaba zeTheku nezindawo ezingaphandle kwalezo zinhlelo zokusetshenziswa komhlaba.

ISENDLALELO:

Ngo 2016 uMasipala weTheku wemukela D'MOSS njengengxenye yeziNhlelo Zokusetshenziswa Komhlaba ngesikhathi esifanayo ewugcina njengenqubomgomo esetshenziswayo ezindaweni ezingaphandle koHlelo. Umnyango wakwa-Environmental Planning and Climate Protection njengamanje uhlela ukuchibiyela imephu ngokuthi:-

(a) kufakwe ezinye izindawo ezihlonzwe njengezinemvelo ehlukahlukene ebalulekile;
(b) kuchitshiyelwe izindawo lapho kube khona nezinguquko engenxa yokugunyazwa okwenziwe uMnyango Wezokuthuthukiswa Komnotho, Ezokuvakasha Nezemvelo esiFundazweni okuphathelene nemvelo ukuze kwakhiwe intuthuko;
(c) kukhishwe izindawo lapho izindawo zemvelo seziguquliwe; futhi
(iv) kufakwe izindawo ezibalulekile ezingamachibi ebezingazange zifakwe phambilini.

Ngemithetho yokuhlelwa kwentuthuko ngokwezindawo nokusetshenziswa komhlaba, iD'MOSS nezinhlinzeko zokuphathwa kokusetshenziwa komhlaba ezihambisana nayo inegalelo elikhulu ekuphathweni ngendlela efanele kwendawo engaphansi komkhandludolobha ngokuthi kukhonjwe izindawo zemvelo ezibucayi ezidinga ukuthi kube nokuhlolwa okuthe xaxa uma kukhona izicelo zokwakhiwa kwentuthuko ezifakwayo. Umdwebo weD'MOSS akuwona umdwebo wokuklanywa kokusetshenziswa komhlaba kodwa njengomdwebo kusemthethweni ukuba usetshenziswe. Kumele kugqanyiswe futhi ukuthi isichibiyelo esihlongozwayo sikhuluma kuphela ngomhlaba lapho umdwebo weD'MOSS ube nezinguquko kanti awuzithinti izindawo ezingathinteki ngokuchitshiyelwa komdwebo weD'MOSS. Ngenxa yalokho, abanikazi bomhlaba othintekayo bazokwaziswa ngqo ngokuthi baposelwe lolo lwazi.

IMIHLANGANO YOMPHAKATHI:

Njengengxenye yohlelo lokukhishwa kwesaziso somphakathi futhi njengoba kuhlinzekelwe ePhuzwini 15(2) likaSheduli 1 woMthetho Wokuhlela Nentuthuko waKwaZulu-Natal, 2008 (uMthetho No. 6 ka 2008), iMihlangano yoMphakathi yokwethula isiphakamiso izobanjwa kulezi zindawo nangalezi zikhathi ezishiwo ngezansi.

IRIJINI	INDAWO	USUKU	ISIKHATHI
NORTH	Mountview Hall, 27 Oleander Road, Mountview, Verulam	28 Agasti 2017	Kuzo zonke lezi zindawo, kuzohlanganwa ngo 17h30 umhlangano uqale 18h00 uphele ngo 19h00.
OUTER WEST	Kloof Town Hall, 1 Imzwilili Road (off Village Road), Kloof	30 Agasti 2017	
SOUTH	Amanzimtoti Civic Hall, Cnr Huchinson & Riverside Roads, Amanzimtoti	31 Agasti 2017	

UKUTHOLAKALA KWEZIPHAKAMISO:

Ikhophi yesiphakamiso nemibhalo ehambisana nayo kuzobe kutholakala ukuze kubonwe ngamalungu omphakathi anentshisekelo kusukela mhla ka **18 Agasti kuya kumhla ka 2 Okthoba 2017** phakathi kuka **08h00 kuya ku 15h30** ngeMisombuluko kuya koLwesihlanu (ngaphandle kwangamaHolidi) emahhovisi omnyango wakwa-Environmental Planning & Climate Protection, kwa-Room 200, eSecond Floor, 166 K.E. Masinga (Old Fort) Road, Durban. Abantu abathintekayo nabanentshisekelo bayanxuswa ukuba bayifunde le mibhalo ngaphambi kokuthi balethe izimvo zabo ezibhalwe phansi. Isiphakamiso siyatholakala futhi

kulawa mahhovisi amaRijini akwa-Land Use Management angezansi phakathi kuka 08h00 kuya ku 12h30 ngeMisombuluko kuya koLwesihlanu (ngaphandle kwamaHolidi):

IRIJINI YASE-OUTER WEST: Sizakala Centre, Land Use Management Counter, 22-24 Delamore Road, Hillcrest.
IRIJINI YASE-INNER WEST: Sizakala Centre, 2nd Floor, Pinetown Civic Centre, 60 Kings Road, Pinetown.
IRIJINI YASE-CENTRAL: Information Centre, Ground Floor, 166 KE Masinga (Old Fort) Road, Durban.
IRIJINI YASE-SOUTH REGION: Municipal Offices, 9-11 Gracedale Avenue, Kingsburgh.
IRIJINI YASE-NORTH REGION: Sizakala Centre, 327 Umhlanga Rocks Drive, Umhlanga Rocks.

Imininingwane yesiphakamiso ingabhekwa futhi kwiwebhusayithi kaMasipala ethi. www.durban.gov.za/dmoss_tp_amendments Abantu abathintekayo nabanentshisekelo bayanxuswa ukuba bayifunde le mibhalo ngaphambi kokuthi balethe noma yimiphi imibono yabo ebhalwe phansi.

UKUTHUNYELWA KWEMIBONO NEZIMVO:
Kumenywa amalungu omphakathi ukuba alethe imibono ebhalwe phansi kuMdidiyeli wamaRijini woMnyango wakwa-Biodiversity Planning Branch, Environmental Planning and Climate Protection, kwaRoom 200, eSecond Floor, 166 KE Masinga (Old Fort) Road, Durban ngesandla, NOMA ngeposi elibhalisiwe elithi: PO Box 680, Durban, 4000, NOMA ngefeksi ku: 031 311 7134, NOMA nge-email ku: gerald.clarke@durban.gov.za engakedluli umhla ka **2 Okthoba 2017**. Uma ukhetha ukuthumela imibono yakho nge-email noma ngefeksi, kumele uqinisekise ngencwadi ukuthi leyo email noma leyo feksi iyona eyosetshenziswa noma yinini uma kukhona izincwadi ezithunyelwayo eziphathelene nalesi siphakamiso. Uma ungazange uthumele noma ulethe imibono yakho ngomhla ka **2 Okthoba 2017**, ngeke usavunyelwa ukuba yingxenye yalolu hlelo.

IGAMA NEKHELI LOMFAKISICELO: Ucingo lomfakisicelo 031 311 7668
uMasipala waseThekwini Ifeksi yomfakisicelo 031 311 7134
c/o Umnyango wakwa-Environmental Planning & Climate Protection
P.O. Box 680
4000 Durban